kepa izinyanga ziyakupika, ngoba kunga hambi ngendhlela yazo. Noko iqiniso liya nqoba, ko bonakala pambili. Uma imiti yezinyanga ngisho ezimhlope nezinsundu yehluleka ukusinqoba lesisifo loku ku lusizi ebantwini, kakulu ngoba siya pambili, si tatelwana. Noko namhla ku nga sesatshwa kakulu ukutatelana isifuba, bu kona ubufakazi bokuti siyatatelwana, ku ya loku ngoba abantu benga qondi kahle ngaso indoda ihlangana nomkayo isoka likotana nentombi ulimi, kanti ukona pakati kwabo onaso isifuba. Ngokutola umoya opuma emapashini agulayo sekuya ngena ngawo umoya lowo ukufa kwesifuba emapashini asa pilayo. Futi kulalwa ndhlininye kuvaliwe bonke ubusuku bonke abasendhlini badhla wona lowo moya ngamapapu, opuma esigulini. Kwokunye izikwehlela ezikitshwa ogulayo u zipumisela pantsi nje endhlini bese zoma, kuya shanyelwa endhlini se zi qubuka notuli, zi ngena esifubeni salowo o hlangana notuli lolo ngitefahla nje ezindhleleni zokutatelana.

Ku njalo nje, po, ku ngenziwa njani ? Uma imiti yehluleka, futi sitatwa kungenziwa njani na ? Ku kona oku ngenziwa izaba ka ziyekwa ! Mhlaumbe ku nga hlangabezwana naso lesi sifo esibi esesabekayo, esi umtakati o qeda abantu. Be ngi tanda ukweneka isu pambi kwabantu bonke, aba nenhliziyo yotando, nokuhaukela abasosizini, futi aba nokuqonda ukuti ku nga tiywa ukwanda okungaka kwalesi sifo nanto isu. Zisizeni bantu, ngokuveza indawo, oku nga balekiselwa kuyo bonke okutiwa ba ne consumption, bahlale kona bondhliwe kona kahle, kwenziwe kubo izaba. Uma ku kona indawo lapa eNatal abantu abazi vezele yona ngamandhla abo, oku nga balekela kuyo, bonke abanesifuba consumption, ku nga sizakala abaningi, ngoba ku nga ncipa ingozi yokutatelana, futi mhlaumbe ku nga sizaka abaningi aba nge naye u mbheki nomondhli, ngoba nga tola ikaya, abakupumula kulo, baze bapunyuzwe ukufa. Mhlaumbe futi abatie banga fumana ukupila, basinde ku lesi sifo.

Ukuba ngi namandhla nga emalini ngabe kangi kulumi nke loku, ngabe ngiya laka kaya leziguli zesifuba, kubo-

BANTABABO.

Mhleli we "Langa."

Nginesifiso sokuba nezwi malunga nodaba lwabantu abasemtetweni wesilungu nenganе zabo, namalunga necala lao Messrs Allison & Hime lemali abayifuna kiti sonke ti abasemtetweni wesilungu.

Njengoba bebaningi abati kabayiqondi kahle lendaba yabantababo ukuba bona babepansi komteto wabantu, bekulapo abazali bona bepansi komteto wesilungu nansi incasiselo: Eminyakeni emibili edhlule omunye wabantwana bomuntu osemtetweni wesilungu watola icala. Lelocala lamangalelwa enkantolo enkulu yabantu (Native High Court.) Abameli baleyondoda (ao Messrs Allison & Hime) baupikisa lowomteto ngokuti, lowomfana kafanele ukumangalelwa Enkantolo Yabantu ngoba uyise nonina basemtetweni wesilungu, ngako naye ukulowomteto wabazali. Amajaji aleyo nkantolo akuqinisa ukuti umfana lowo unokutetelwa icala lake kuyo Inkantolo Yabantu ngoba epansi komteto wabantu, noma abazali bake bekowesilung umteto bona. Ukutsho njalo kwamajaji akugxilisa ezwini lokuba, ngamzukwana abazali balowo mfana bepuma emtetweni wabantu bengena kwowesilungu umfana lowo waengakabiko, okuti waengakazalwa, kepa wavela uyise nonina sebesemtetweni wesilungu. Izwi lati, encwadini yabazali yomteto wesilungu igama lomfana kaliko, ngako yena kanaso isibalelo sokuti ungumlungu. Isimo sokuzalwa, nesobuntu bake siti "umuntu"; ngaloko kuswelekile abeneyake naye incwadi eyehlukile ekomba noma ezelwe engumuntu nje akako pansi komteto opete abantu. Ngokungabiko kwencwadi enjalo umteto wamajaji waqinisa ukuti umfana lowo ungumuntu emtetweni.

Kute ke ukuzwakala kwaloko kunquma kwama Jaji kwabetusa bonke abasemtetweni wesilungu. Umpati sihlalo (Chairman) wombhlangano wabase mtetweni okutiwa ngu "Funamalungelo" wase hle njalo ewumema ukuba uzobhekisana okungenziwa pezu kwalomteto wokunquma kwama Jaji ase Native High Court. Wabutana u mhlangana lowo. No Mr. Allison (wako Allison & Hime) waye kona. Emva kokubonisana ibandhla lelo lika Funamalungelo lavumelana uku, ba icala lidhluliswe e Native

Kwatike ngokungazipapame li izinto zetu tina bantu, yabuya leyondaba yanyamala la kuze kube namhla nje.

Abameli laba ke ababequba icala eSupreme Court bafuna imali yokusebenza kwabo, njengoba nansi indaba saviyekelela.

Kwati ke ngoba imali inge ko, uChairman ka Funamalungelo, uChief Stephen Mini wase Edendale, wacela kubo abameli labo isikati sokuba ayibute kubaninicala, oku ukuti bonke abapume emtetweni wabantu' kakulu labo ababe kona kulowomhlangano. Bamvumela. Kepa bati ayiti imali leyo ibutwa kube kukona isiqiniselo kubo abameli sokuti yokokwa. Kwafuneka kwenziwa incwadi etembisa loko Promissory note esayinwe signed yibo bonke ababese mhlanganweni. Yenziwa esikundhleni sokuba isayinwe libandhla lonke lalowomhlangano yasainwa nga madoda amane kupela, amanye enqaba. Yiyo le Twelve months after date we jointly and severally promise to pay to Messers Allison and Hime or order the sum of eighty-nine pounds (£89) sterling, for value received. Payable at their office Timber St. P. M. Burg (signed) Stephen Mini, Stephen Mlaw, Enoch Msimanga, Cleopas Kunene. Lencwadi etembisa ukukoka isinomnyaka yalotywa. Bayincosana kakulu abawatu mela amashumi 10s. amiswayo. Ngako ke icala laloko lihlezi linga kokiwe libandhla manje ke lemali isifuneka, kepa ayiko. Abameli sebeze bawasomanisa lamadoda. Yiko ke okubange i Chairman ka Funamalungelo itumele isicelo semali eli 10s. endodeni, kubo bonke abasemtetweni, ebonakele eLange ni lesonto elidhlule. Lesicelo, nonxa umhleli we Langa esisolile, ukuze sipate isomanisi kungoba nempela ibisipumile, bekulapo kubo bonke ababe kulowo mhlangano imelwe ukuba itunyelwe nakubo. Noko ke isicelo sona sibheke wonke osemtetweni, ngangoba inxa udaba lwalu lungile lwalolungela bonke bomteto. Kunjalo ke mhleli, sincengele wena kuba fundi be Langa abase mtetweni basikipe kuloludaba.

Futi sengati wonke umuntu angafinyelela kulo mhlangano omenywa yi Chairman kuso leso sicelo oyoba ngo 26th. February 1908 e Edendale, ukuze kubonwe okungenziwa

ba bantu obatyela ukuba ngizincengela kumfundisi, noma lawo mazwi engawakuluma ngikude nawo ngitemba kuyimfanelo yami ukukuvusa wena nabanye abadukayo njengoba nami ngilindele ukuvuswa uma ngeduka kodwa ke mina ngisuke ngilalele iseluleko ngingabheki ubuso bomeluleki, ngiyabonga noku zwa ukuba ubutakataka bekanda lami bungapindwa kane kobelako bengingazi ukuba ubutakataka kangako. Futi kumbula ukuba eyami incwadi yalotywe pezulu ukuti "without prejudice", ngangi ngesuke ngiye epepeni ngingezwisanga kodwa ngabhala into engayizwa ngomlomo owaepete icala. Ngigcina ngokuti funda Acts xxiii. 1-5, angisobe ngisabhala futi ngaloludaba ngiyapinda futi ngiya kubonga Mpandhla i remarks zako ngami zikomba oyiko wena, kuyali tokozisa izwe ukuba nabantu abanje.

## UFUNAMALUNGELO.

Akengibuze Mhleli ubani owazi isimo, isiseko nemiteto (Constitution) ka Funamalungelo? Wabikwa yini kwa Rulumen'e (was it registered)? Ngalipi igama owaziwa ngalo komkulu? Ngumteto nobani u Chief Mini azosisamanisa ngawo? Njengoba sibaningi kangaka tina esipumile ngokufisa nangokuboshelwa ngabazali bangaki abantu abangenza iquorum?

Babebangaki abaqasha u 'Memezi"? Kuku section bani ukuti abantu bopuma kanye nabantwana ngicela impendulo yalemituzo ungekafiki umhlangano mina ngazi ukuba umteto ukomba ukuba umuntu wozitatela yena i "Oath" kungako ngiti nami noma ngine certificate ye Exmption nje angipumile kowakiti ngingeboshwe ngomteto wabe lungu enga ufungelwa ngingazifungele kuyenza yini ukuba umfundisi azale abefundisi, nowa fungela ukuzila azale amazila? Ngitemba abantu abapumile emtetweni sebena bantwana babo bayeqa kwi thousand eyodwa lowo mhlangano owaqashwa u Mr Allison waunalo yini lona ikolu elilodwa noma amashumi amahlanu.

Owako,
J. RAY MSIMANG.

"NO WAR, NO FIGHTING" everything going wide by using "Rapidare" Beards, mustaches, & ladies hair, as long as you like. Testimonials & full particulars will be sent you free of charge write (in English if you can) to the Rapid Hair Strengthening Co. Box 1579 Johannesburg.